# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*

- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.*
- *Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA*
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

# IMIYALELO NGEZINCWADI

LELI PHEPHA LINEZINCWADI EZIMBILI

- PHENDULA IZINCWADI ZOMBILI OZIFUNDILE
- INCWADI NGAYINYE INAMAMAKI ANGA-35.
- UMA SEZIHLANGENE ZOMBILI KUMELE ZIKHIPHE AMAMAKI ANGA-70.
- QINISEKA UKUTHI AMAMAKI AKHO EZINCWADI ZOMBILI AYAHLANGANA KAHLE UMA UWABALA.

# ISIQEPHU I

NOVELANA

UMSHADO - Nelisa Zulu

1. Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho EPHELELE.

"Wamthola kanjani umngani owumlungu Tholi?"

"Indaba ende kabi; ngiyokuxoxela nginesikhathi esanele."

"Akesabi ukukuvakashela la endaweni yabantu abamnyama?"

"Ngamtshela phela ukuthi iphelile leyo nto manje. Futhi-ke lapha akekho umuntu osukela omunye."

"Sizobonana ntambama mntakwethu?"

"Akungatshazwa. Mina sengikukhumbule kabi. Ungilayile uPamella wangivakashela."

"Nansi imoto, sesobonana ntambama."

Kwaba ukwehlukana kwabo ngaleso sikhathi; waqonda esikoleni uBhekani.

***

"Niqhuba kanjani noTholi Bheki?"

"Angikaboni lutho olubi mngani wami."

"Usuke wambona lo mngani wakhe womlungu?"

"Cha, Sifiso uyazazi izindaba. Wazi noPamella?"

"Ngiyamazi. Ukutshelile ukuthi usuke ezokwenzani kwaTholakele?"

"Hhayi, angazi. Kanti usuke ezokwenzani?"

"Uma unesikhathi Bheki akothi uma efikile lo mlungu ubavakashele. Uma uthanda ubalunguze nje ukuthi benzani."

"Awungithi fahla kancane Sifiso."

"Phela, ngeke ngixoxe ngezindaba zentombi yakho; wena yenza le nto engikutshela yona kuphela."

Wathula uBheki manje. Kwafika kuye ukuthi cha, sengathi uhlangene nezimbila zithutha impela namuhla. Lo makoti wakhe kanti unjani? Washeshe wasuka eduze kukaSifiso wayozihlalela yedwa. Othisha abaningi baqala bambalekela manje. Abanye babekloloda bebhinqa igama likamfelokazi lingaphumi emilonyeni yabo. UBheki wayengasajabule kahle esikoleni.

1.1 Ubani obuza ukuthi watholana kanjani nomlungu uTholakele? (1)

1.2 Lo mlungu abakhuluma ngaye la ubani igama lakhe? (1)

1.3 Iyiphi le ndawo yabantu abamnyama okukhulunywa ngayo la? (1)

1.4 Uyaphi uBhekani noTholakele njengoba bethi bazobonana ntambama? (1)

1.5 Kwakuyisikhathi sini ngenkathi bexoxa uTholakele noBhekani? Bhala uchaze ukuthi usho ngani ukuthi kwakuyisikhathi osishilo. (2)

1.6 Ubani obuza uBhekani ukuthi baqhuba kanjani noTholakele? (1)

1.7 Yini eyenza uBhekani ufune ukushada noTholakele ngokushesha? (2)

1.8 USifiso wambonisa ukuthini uBhekani mayelana nokufuna ukushada ngokushesha noTholakele? (2)

1.9 Umama kaBhekani yini angayithandi kakhulu ngoTholakele? (2)

1.10 USifiso wathi yini angeke ayenze ngenkathi uBhekani ethi akamuthi "fahla" ngoTholakele noPamella? (1)

1.11 USifiso ukhombisa ukuthi kukhona akwaziyo ngoTholakele kodwa akamtsheli uBhekani. Bhala usho ukuthi wagcina ethi wazi ukuthi ungowakuphi uTholakele uSifiso? (2)

1.12 USifiso wathi yini eyaletha uTholakele lapho esehlala khona manje? (3)

1.13 USifiso wathi ubani oyingozi uma uBhekani eqhubeka ethandana noTholakele? (2)

1.14 USifiso wamtshela ukuthi akenzeni uBhekani uma efuna ukwazi ukuthi yini indaba uTholakele abe umngani noPamella? (2)

1.15 Wayenza yini uBhekani into ayitshelwa uSifiso? Bhala uxoxe ukuthi wenzani uBhekani ukuze abone ukuthi benzani uma bebobabili oPamella noTholakele UNGADLULI emgqeni emthathu. (3)

1.16 UBhekani impilo yakhe yasesikoleni yagcina ingasamjabulisi esehlala yedwa. Bhala usho ukuthi yini eyayenza aphatheke kabi endlini yothisha(Staffroom)? (2)

1.16 Bhala isigameko (incident) lapho sibona khona uBhekani enodweshu lwangaphakathi (internal conflict) mayelana nothando lwakhe noTholakele. Chaza ukuthi kwakwenzenjani ngamaphuzu (points) AMATHATHU. (3)

1.17 Umama kaBhekani wathi kufanele enzeni uBhekani mayelana nokusha kwezimpahla zakhe endlini yakhe? (2)

1.18 Khetha impendulo EYODWA elungile kulezi ezilandelayo ozinikeziwe ngenzansi bese ubhala uphawu KUPHELA.

1.18.1 UTholakele wayeqashe indlu:

(i) KuZenze
(ii) KuBhatomu (1)
(iii) KuSifiso

1.8.2 UBhekani eya KwaTholakele okukuqala uTholakele wathi uzokhumula ecashe emva:
(i) Kwesicabha
(ii) Kwekhethini (1)
(iii) Kwewodilophu

ISAMBA [35]

# ISIQEPHU B

## IZINDABA EZIMFUSHANE
## IZINYEMBEZI ZOTHANDO - D.B.Z. Ntuli
## LAPHO KUKHONA UTHANDO

1. **Funda isiqeshana esingenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.**

Bakhulume amagama akhuthazayo okuthi kuzolunga konke, useyalulama. Umhlengikazi usemhlolahlola wonke umzimba. IsiZulu sabo nokho asiqondile kahle. Esikamama singcono kunesomhlengikazi. Esenelisiwe umhlengikazi, anikeze iziyalo azoqhubeka ngazo ngokunakekela uSebenzile, abesebashiya njalo.

"Ngifike kanjani lapha?"

Ngesikhathi echaza umama ukuthi wamthola elele sakufa ekhafulwe umfula, kwaya kuntwela ezansi kuSebenzile.

"Abanye esasinabo benzenjani? UWanda yena unjani?"

"Ha! Uzojabula ukuzwa ukuthi umuntu ombuzile kube nguyena. Hawu, yaba yinhle le ndaba!" asho lo mama ngenjabulo emangalisayo. Amtshele ngamafushane ukuthi uyaphila uWanda.

"Pho wena ntombi yami ungubani?"

"NginguSebenzile Mthethwa."

"Yebo kunjalo ngempela. Ngakuthwala maqede ngakusa esibhedlela. Ngoba wawuqulekile, nezimpahla zakho zimuke namanzi, wawungaziwa. UWanda wakufuna waze wakuthola."

Ngokubuya kwengqondo, kwaya kubuya konke, kancane kancane. UWanda kodwa ngabe uyini ngaphandle kwakhe? Izimpahla zakhe zemuka, uthi pho usayosibona isithandwa sakhe? Kufike umunyu, aqhumuke, akhihle isililo. Lo mama amnikeze imithi, amduduze, amtshele ukuthi akabonge nje ngoba uNkulunkulu uye owamhlenga.

Waya elulama-ke ngokuqhubeka kwezinsuku. Nezilokotho zikaWanda zazingena zingenile.

Kuthe ngemuva kwezinsuku ezine, wabe esekwazi nokuhamba. NgoLwesihlanu umama wathi abalungise, ngoba uzosiwa ezindlini zikaHulumeni, ukuze kulungiswe izincwadi zakhe. "Nazi izingubo ozozigqoka."

"Hawu, Mama, kodwa ngizokubonga ngani?"

"Chabo! UWanda uselungise yonke into. Uselungiselele nokuthi niyohlangana nesoka lakho ehhotela." Zonke lezi zehlakalo zamane zamdida uSebenzile. Yena lo Wanda akasaveli ngani azibongele kuyena?

Nansi imoto yakwanokusho isidunusile. Wabonga engaphezi uSebenzile kulo mama, yabe isuka imoto ishaya ichitha. Ithubeleze-ke imoto. Impela isima ehhotela. Hawu, yilo lona lelo ebebezohlanganela khona nesoka lakhe. Nanxa bengezwisisani nomshayeli wemoto, amchushachushise aze

1.1 Ubani lo okuthiwa useyalulama? (1)

1.2 Kukuphi lapho bekhuluma khona? (1)

1.3 Wayevakashela kuphi uSebenzile? (1)

1.4 Ubani umuntu owabuzwa uSebenzile ngenkathi evuka? (1)

1.5 Wayehamba ngani uSebenzile eya kwaBulawayo? (1)

1.6 Waphuphani uSebenzile elele endlini yodaka? (2)

1.10 Bhala umyalezo (message) owufundile kule ndaba ethi, "Lapho kukhona uthando." (3)

1.11 Khetha impendulo EYODWA kule mbuzo engenzansi ubhale uphawu (symbol) KUPHELA.

1.11.1 USebenzile wayeloku:

(i) Edlalisa ingane esitimeleni

(ii) Ebuka izithombe zesoka lakhe.

(iii) Exoxa nabantu ayehlezi nabo. (1)

1.12. USebenzile wayezohlangana kuphi nesoka lakhe? (2)

1.13 USebenzile wafika kukhonani ehhotela ahanjiswa kulo imoto? Bhala okubili. (2)

1.14 Phendula imibuzo elandelayo ngokukhetha igama/amagama alungile esikhaleni. Bhala igama/amagama KUPHELA.

1.14.1 Isitimela esasigitshelwe uSebenzile sasibhalwe ukuthi siya (e-Rhodesia, e-Mozambique, kwaBulawayo) (1)

1.14.2 Elinye igama likaWanda (u-Ben, u-Dan, u-Joe) (1)

1.14.4 Emahhovisi kaHulumeni uSebenzile wayezothola (imoto ezomphindisela ekhaya, ukulungiselwa izincwadi ezintsha, isoka lakhe) (1)

1.14.5 Isibongo sikaSebenzile (uMthalane, uMthiya, uMthethwa) (1)

[18]

## 2. INCWADI YEZITHANDANI

Ngenxa yokuthi umesisi wakhe wabe elikholwa, wabavumela ukuba bahlale ndawonye ejalidini njengoba babezama ukuthola enye indawo yokuhlala okwabe kuzokuba ngeyabo.Umesisi-ke lona kwabe kunguye owabaphendula baze bakhetha iNkosi enkonzweni yakhe njengoba base behlezi ngengomndeni owodwa nje.

Indoda kaRhoda-ke yabe isebenza efemini yamakhemikhali eyabe yakhelene neyoNgobese, futhi yazana noNgobese. Iyo le ndoda eyabe isifake uNgobese ugqozi lokudayisa imithi engamakhemikhali ngesikhathi sakhe sangasese. UNgobese wayeye ayibhalele incwadi ayithumele efemini yabo oLevy uma bezobonana ngokomsebenzi.

Lapho ebuza uJosephine ukuthi pho ubekuphi uLevy ngenkathi yena efika kwaRhoda, wachaza ukuthi uLevy uyahamba ngokomsebenzi njengomuntu odayisa imithi ephilisa umphakathi, kodwa ngaleli langa wabe esehhotela ematasa namalungiselelo omcimbi lapho kwakuzobe kunikezwa khona imiklomelo kubadayisi ababefufusa, njengaye uNgobese lona.ULevy babezomfica khona-ke ehhotela ebusuku.

"Asibange sisaya-ke nathi kulowo mcimbi wasebusuku njengoba nawe wazi-ke ngesidumo esisukile izolo ebusuku kanye nokufika kwalo muntu wenu omusha," kulanda uRhoda evula isikhwama sakhe esigodlwa ekhwapheni ekhipha okuthize kuso eqhubeka ethi: "Kodwa-ke phezu kokuba singayanga kulowo mcimbi, buka nje umklomelo otholwe nguNgobese ngokudayisa kwakhe," esho ekhipha isheke.

"Hhayi bo, imalini-ke lena Rhoda?" kubuza uNgobese emangele.

"Kanti ubuthi ngiyadlala yini uma ngithi inhlanhla yakho inkulu kakhulu namhlanje Ngobese? Uphiwe isibhuklabhukla sentombi nguMaSibisi! Ithikithi lakho nalo lamane lawina izinkulungwane ezilishumi zamarandi ngalo lona leli langa! Impela iNkosi inibhekile Ngobese!"

Wathi esasho lawo magama uRhoda, uJosephine wayesesikhihlile isililo.

"Awu! Ngicela ungixolele Rhoda! Ngenze iphutha! Ngibone sengathi umbhalo ophumele ephepheni uthi Lavy ngacabanga ukuthi uNgobese wabe ebhalele isithandwa sakhe, kanti okusho ukuthi bekunguye uLevy lona! Hi—! Hi—! Ngixolele kukho konke engikwenzile kuwe Rhoda!"

2.1 Umesisi kabani lo oyikholwa? (1)
2.2 Obani laba athi abahlale ejalidini umesisi lakhe? (2)
2.3 Wayesebenza kuphi umyeni kaRhoda? (1)
2.4 Wayefika ezokwenzani uJosephine endlini kaRhoda? (2)
2.5 Umcimbi owawusehhotela kwakungowokwenzani? (2)

26 Bhala usho ukuthi iluphi udweshu lwangaphakathi (internal conflict) ayesenalo uJosephine esibhedlela? (3)

27 Ithikithi likaNgobese lawinani? (1)

28 Eyani imithi eyayidayiswa uLevy? (1)

29 Qondanisa okuhambelanayo ku-A naku- B

| A | B |
|---|---|
| 29.1 ULovely | (i) Igama lika Lavy langempela. |
| 29.2 UGoodboy | (ii) Elinye igama lika Josephine. |
| 29.3 ULevy | (iii) Igama lengane elaqanjwa umesisi. |
| 29.4 Sasiphethwe uJosephine. | (iv) Isiqwayi sompetshini. |
| 29.5 UMaSibisi | (v) Igama likaNgobese. |

[5]

[17]

ISAMBA 17+18 =35